IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

ISIMO SESHEDULI YOKUPHEPHA NOBUNGOZI BOMUTHI

S4

IGAMA LOMUTHI

PEPLOC 20 mg, amaphilisi

PEPLOC 40 mg, amaphilisi

Pantoprazole

IPEPLOC iqukethe ushukela (i*mannitol* engama-70,50 nama-141,0 mg ephilisini ngalinye)

Ngaphambi kokuba uqale ukusebenzisa iPEPLOC funda ngokucophelela lonke leli pheshana lolwazi

- Ligcine leli pheshana lolwazi. Kungenzeka ukuthi kudingeke ukuba uphinde futhi ulifunde.
- Uma uneminye imibuzo engeziwe, buza udokotela wakho noma usokhemisi, umhlengikazi noma omunye umhlinzeki wosizo lwezempilo nokwelashwa.
- IPEPLOC iqondene nawe kuphela futhi inikezwe wena, ngakho-ke ungalokothi wabelane ngayo nabanye abantu. Kungenzeka bona ibalimaze, nakuba nabo benezimpawu ezifana nezakho.

Okuqukethwe kuleli pheshana lolwazi

1. Iyini iPEPLOC futhi isetshenziselwani?
2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iPEPLOC
3. Isetshenziswa kanjani iPEPLOC
4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona
5. Indlela yokugcina iPEPLOC
6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

1. Iyini iPEPLOC futhi isetshenziselwani

I*Pantoprazole* iwumuthi onciphisa ukukhiqizwa kwe-esidi esiswini (phecelezi, i*proton pump inhibitor*) osetshenziselwa ukwelapha ukugula okuthile okubangelwa ukuba khona kwe-esidi ephakeme ngokweqile esiswini.

IPEPLOC 40 mg isetshenziselwa lokhu:

- Ukwelapha izilonda kwingxenye engasekuqaleni yethumbu elincane esiswini, izilonda ontwentwesini lwesisu kanye nesilungulela.
- Ukwelapha i*Zollinger-EIIison Syndrome* (ukugula okungavamile okudala izimila emanyikweni nasengxenyeni engasekuqaleni yethumbu elincane (*duodenum*) kanye nezilonda esiswini nasengxenyeni engasekuqaleni yethumbu elincane).

IPEPLOC 20 mg isetshenziselwa lokhu:

- Ukwelapha isilungulela, izinhlungu ezizwakala lapho ugwinya kanye nokwelapha isifo sokuyokoza (phecelezi i*gastro-esophageal reflux disease*), i*GORD* ngamafushane, esingenawo amandla kakhulu, futhi esibizwa ngokuthi yi-*acid reflux disease*.
- Ukulawula i*GORD* isikhathi eside nokuyivimbela ingaphinde ibuye.

2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iPEPLOC

Ungalokothi uthathe iPEPLOC:

- uma umzimba wakho ungezwani nesithako i*pantoprazole* noma uma ungezwani nanoma yisiphi esinye isithako samaphilisi iPEPLOC 20 mg noma 40 mg (bheka isigaba 6)
- uma singasebenzi kahle isibindi sakho
- IPEPLOC akumele inikezwe izingane
- uma usebenzisa i-atazanavir (okungumuthi osetshenziselwa ukwelapha i*HIV*).

Izixwayiso kanye nezinto okumele uziqikelele

Qaphela kakhulu uma usebenzisa iPEPLOC:

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

Kumele umazise udokotela wakho:

- uma unenkinga yezinso ezingasebenzi kahle
- uma usebenzisa i*warfarin*, umuthi onciphisa ubungozi bokuguquka kwegazi libe ngamahlule
- uma unesifo sesibindi
- uma unamazinga aphansi e*magnesium* egazini lakho
- uma njengamanje uthola ukwelashwa noma esikhathini esedlule uke wathola ukwelashelwa noma yikuphi ukugula okuphathelene nesimila esinobungozi esiswini nendawo ezungeze isisu
- uma unomlando wokuntuleka kuka*Vitamin B12* emzimbeni
- uma unesifo sohudo esinganqamuki, phuthuma uxhumane ngokushesha nodokotela wakho noma ungoti wosizo lwezempilo nokwelashwa
- uma uneminyaka engaphezu kwama-50 ubudala noma uma sekuphele isikhathi eside usebenzisa iPEPLOC noma usebenzisa umthamosilinganiso wayo ophakeme, kungenzeka idale ukwehla kwezinga le*magnesium* emzimbeni futhi lokhu kungabangela ukukhula kwengcuphe yokuphuka kwamathambo enqulwini, esihlakaleni noma emgogodleni
- uma njengamanje uphukelwe noma esikhathini esedlule uke waphukelwa yithambo enqulwini, esihlakaleni noma emgogodleni ngenxa ye*magnesium* ephansi
- uma usebenzisa umuthi wokudodobalisa isandulelangculazi (i*HIV*) onjenge-*atazanavir* kanye-kanye ne*pantoprazole*, cela iseluleko esiqondene nalokhu kudokotela wakho
- uma kuvela umqubuko esikhumbeni sakho, ikakhulukazi ezingxenyeni zomzimba wakho ezingambozekile elangeni, tshela udokotela wakho ngokushesha okukhulu, njengoba kunokwenzeka ukuthi kudingeke ukuba uyeke ukwelashwa ngePEPLOC.

Khumbula futhi ukumazisa nganoma imiphi imithelela emibi oyizwayo njengezinhlungu emalungeni omzimba wakho

- uma sekuphele isikhathi eside ususebenzisa iPEPLOC (okuyisikhathi esingaphezu konyaka owodwa), kungenzeka udokotela wakho afune ukukubona njalo futhi ngokuqhubekayo ukuze abheke ukuthi kwenzekani emzimbeni wakho. Kumele njalo uma ubonana nodokotela wakho umbikele nganoma yiziphi izimpawu nezimo ezintsha futhi ezingavamile ozibonayo
    - uma sekuphele isikhathi esingaphezu kwezinyanga ezintathu usebenzisa i*pantoprazole*, okusho amaphilisi anjengePEPLOC, kungenzeka ukuthi ehle amazinga e*magnesium* egazini lakho. Amazinga aphansi e*magnesium* angabonakala ngokuthi ube nenkinga yokufikelwa ukukhathala okukhulu emzimbeni, ukufinyela kwemisipha okungalawuleki futhi okuzenzekelayo, ukudideka kwengqondo, ukudlikiza komzimba okungalawuleki, isiyezi noma ukushaya kwenhliziyo ngamandla. Uma kwenzeka uphathwa olunye lwalezi zimpawu, tshela udokotela wakho ngokushesha. Amazinga aphansi e*magnesium* angaholela futhi ekuncipheni kwamazinga e*potassium* noma e*calcium* egazini. Udokotela kungenzeka anqume ukwenza ukuhlolwa kwegazi njalo futhi ngokuqhubekayo ngenhloso yokubheka nokuhlola amazinga e*magnesium* emzimbeni wakho
- uma kunokuncipha komthamo womchamo owuchamayo noma uma kunegazi emchamweni wakho.

Ukusetshenziswa kweminye imithi nePEPLOC

Kumele ngaso sonke isikhathi umazise umhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa uma kukhona nanoma iyiphi eminye imithi oyisebenzisayo. (Lokhu kubandakanya nemithi eyizondlamzimba kanye nemithi yesintu.)

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

Eminye imithi okungenzeka kuphazamiseke ukusebenza kwayo ngenxa yePEPLOC yilena:

- Imithi yokuvimbela ukushuba nokuguquka kwegazi libe ngamahlule, njenge*warfarin*. IPEPLOC kungenzeka ikuguqule ukusebenza kwale mithi ngakho-ke umhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa uzobhekisisa ukuthi igazi lakho liphenduka kahle kangakanani libe ngamahlule.
- IPEPLOC kungenzeka inciphise amazinga e-*atazanavir* egazini, okuyisithako esiyingxubemakhambi esitholakala emithini yokwelapha i*HIV*. Ungalokothi usebenzise iPEPLOC kanye-kanye ne-*atazanavir* (Bheka isigatshana esithi Ungalokothi usebenzise iPEPLOC).
- IPEPLOC kungenzeka inciphise ukumunceka kwemithi ethile esetshenziselwa ukwelapha ukugula okubangelwa wukhunta (*fungal infections*), enjenge*ketoconazole*.
- IPEPLOC kungenzeka ikhuphule amazinga e*methotrexate* (imithamosilinganiso ephakeme esetshenziswa ekwelapheni imidlavuza ethile) futhi okungaholela ekutheni umzimba ungenwe wubuthi obubangelwa yi*methotrexate*.
- I*fluvoxamine* (esetshenziselwa ukwelapha ingcindezi yengqondo kanye nezinye izifo zengqondo) – uma usebenzisa i*fluvoxamine* udokotela wakho kungenzeka awunciphise umthamosilinganiso.
- I*St John's wort* (okungumkhiqizo oyikhambi, phecelezi i*Hypericum perforatum*) (osetshenziselwa ukwelapha ingcindezi yengqondo engenawo amandla kakhulu).

Ukuphuza iPEPLOC nokudla kanye nophuzo

Umthamosilinganiso wansukuzonke onconyiwe ongawuphuza kanye ngosuku we**PEPLOC** kumele uphuzwe ngaphambi kokudla, futhi kungaba kuhle uma iphuzwa ekuseni.

Ukukhulelwa, ukuncelisa kanye nokuba sesimweni sokuzala nokuthola abantwana

Uma ukhulelwe noma usancelisa umntwana wakho, noma uma ucabanga ukuthi mhlawumbe ukhulelwe noma uma uhlela ukuthola umntwana, bonisana nodokotela wakho, usokhemisi noma omunye umhlinzeki wosizo lwezempilo nokwelashwa ngaphambi kokuba usebenzise iPEPLOC.

Akumele usebenzise iPEPLOC uma ukhulelwe noma usancelisa umntwana wakho. Akuqinisekiswanga ukuphepha kwamaphilisi kwabesifazane abakhulelwe nabancelisayo.

Ukushayela kanye nokusebenzisa imishini

IPEPLOC ingabangela ukufiphala kwamehlo noma isiyezi.

Akulula ukubikezela njalo ukuthi iPEPLOC izoba nomthelela ongakanani emisebenzini yansukuzonke yesiguli. Iziguli kumele ziqinisekise ukuthi aziyenzi imisebenzi eshiwo ngenhla kuze kufike isikhathi lapho sezibonile ukuthi iPEPLOC inomthelela ongakanani kuzona.

IPEPLOC iqukethe i*sodium*

Udokotela wakho uzokubhekisisa futhi akufakele izibuko lokhu uma ungumuntu oyalelwe ukuba adle ukudla okunosawoti omncane kakhulu.

3. Isetshenziswa kanjani iPEPLOC

Ungalokothi wabelane nanoma yimuphi omunye umuntu ngemithi onikezwe yona ngumhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ngoba iqondene nawe kuphela. Kumele njalo iPEPLOC uyisebenzise ncimishi ngendlela akuyalele ngayo udokotela wakho. Kumele ubuze udokotela wakho noma usokhemisi uma ungaqinisekile.

Iphilisi kumele uligwinye lonke liphelele. Ungaligayi, ulinqamule noma ulihlafune iphilisi.

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

Kungathatha izinsuku ezimbadlwana ngaphambi kokuba iPEPLOC iqale ukwenza uzizwe usungcono. Ukulekelela ekudambiseni kanye nokwelapha izimpawu ezikuphethe ungawasebenzisa amaphilisi okuqeda i-esidi kanye-kanye namaphilisi iPEPLOC, ngaphandle-ke uma udokotela wakho ekutshele ukuthi ungawasebenzisi.
Umthamosilinganiso onconyiwe uzokwehluka ngokwesiguli nesiguli.

Kubantu abadala:

Ukwelapha izilonda engxenyeni engasekuqaleni yethumbu elincane esiswini: Iphilisi elilodwa lePEPLOC 40 mg **kanye** nsukuzonke ekuseni isikhathi esingamaviki amabili kuya kwamane.
Udokotela wakho kungenzeka ahlanganise ukwelashwa kwakho nama-antibhayothiki uma uphethwe ukugula okubangelwa yibhakhthiriya i*H. pylori*.

Izilonda esiswini: Iphilisi elilodwa lePEPLOC 40 mg kanye ekuseni nsukuzonke isikhathi esingamaviki amane kuya kwayisishiyagalombili.

Isifo sokuvuvukala kontwentwesana lomphimbo (*Reflux oesophagitis*): Iphilisi elilodwa lePEPLOC 40 mg kanye ekuseni nsukuzonke isikhathi esingamaviki amane kuya kwayisishiyagalombili.

I*Zollinger-Ellison Syndrome*: Ukwelashwa kumele ukuqale ngomthamosilinganiso wansukuzonke wePEPLOC ongama-80 mg.
Udokotela wakho kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso ube ngaphezu kwama-80 mg.

Isifo yokuyokoza (GORD) esingenawo amandla kakhulu: Iphilisi elilodwa lePEPLOC 20 mg ekuseni isikhathi esingamaviki amane.
Udokotela wakho nguyena ozonquma ukuthi ungaqhubeka yini nokwelashwa esinye

isikhathi esengeziwe esingamaviki amane.

Ukulawula i*GORD* isikhathi eside nokuyivimbela ingaphinde ibuye: Kunconywa ukuthi uqhubeke nokuphuza umthamosilinganiso oyiphilisi elilodwa lePEPLOC 20 mg kanye ngosuku.
Udokotela wakho kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso uyofinyelela kuma-40 mg uma izimpawu ze*GORD* ziba zimbi kakhulu.
Emuva kokuba usupholile, ungaqhubeka usebenzise uhlelokwelapha lomthamosilinganiso ongama20 mg.

Izingane:
Akuqinisekiswanga ukuphepha kanye nokusebenza kahle kwayo ezinganeni.

Udokotela wakho uzokutshela ukuthi kuzothatha isikhathi eside kangakanani ukwelashwa kwakho ngePEPLOC. Ungalokothi uyeke ukudla amaphilisi akho ngaphambi kwesikhathi ngoba isifo esikuphethe kungenzeka sidlondlobale, sibe sibi kakhulu. Uma ubona sengathi iPEPLOC inamandla ngokweqile noma-ke sengathi ayinawo neze amandla, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Uma uphuze iPEPLOC engaphezulu kwaleyo okumele uyiphuze:
Uma kwenzekile waphuza umthamosilinganiso wamaphilisi oweqile, bonisana nodokotela wakho noma usokhemisi. Uma uhluleka ukuthola omunye walaba, xhumana nesibhedlela esiseduze nawe noma isikhungo esilawula ubuthi/ushevu.
Ngenkathi uyobonana nodokotela, phatha leli pheshana lolwazi kanye namaphilisi akho asele ukuze azi ukuthi yimaphi amaphilisi owasebenzisile.

Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza umthamosilinganiso wePEPLOC

Uma kwenzekile wakhohlwa ukuphuza amaphilisi, waphuze ngokushesha amaphilisi akho emuva kokukhumbula ukuthi kumele uwaphuze. Uma sekusondele isikhathi sokuphuza umthamosilinganiso wamaphilisi olandelayo, ungabe usawuphuza lowo mthamosilinganiso wamaphilisi okhohliwe ukuwuphuza futhi uqhubeke uphuze umthamosilinganiso wephilisi olandelayo ngesikhathi esijwayelekile.
Ungalokothi uphuze imithamosilinganiso yamaphilisi ephindwe kabili ngenhloso yokuvala isikhala semithamosilinganiso okhohliwe ukuyiphuza.

Uma uyeka ukusebenzisa iPEPLOC

Amaphilisi iPEPLOC kumele uwaphuze kuze kuphele isikhathi esiphelele esibekiwe sokwelashwa, futhi kumele uwasebenzise ngisho usuzizwa usungcono emzimbeni.
Ungalokothi uyeke ukudla amaphilisi akho ngaphambi kwesikhathi ngoba isifo esikuphethe kungenzeka sidlondlobale, sibe sibi kakhulu.

4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona

IPEPLOC kungenzeka ibe nemithelela engathandeki emzimbeni.
Akuyona yonke imithelela engathandeki ebikiwe yePEPLOC equkethwe kuleli pheshana lolwazi. Uma siba sibi isimo sakho sempilo jikelele, noma uma uzwa umthelela ongemnandi futhi ongathandeki emzimbeni ngenkathi usebenzisa iPEPLOC, bonisana nomhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ukuze uthole ukwelulekwa.

Uma kwenzeka noma yikuphi kulokhu okulandelayo, yeka ukusebenzisa iPEPLOC futhi utshele udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe:

- ukuvuvukala kwezandla, izinyawo, amaqakala, ubuso, izindebe, umlomo noma umphimbo okungenza kube nzima ukugwinya noma ukuphefumula
- ukuqubuka noma isikhumba esilumayo.

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi kakhulu futhi enobungozi. Uma unayo le mithelela, kusho ukuthi kunokwenzeka ukuthi umzimba wakho awuzwananga neze nePEPLOC oyisebenzile. Kungenzeka udinge usizo lokwelashwa oluphuthumayo noma ukulaliswa esibhedlela.

Tshela udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

- imfiva, ukuqubuka, kanye nezinso ezikhukhumele, kwesinye isikhathi okuhambisana nezinhlungu lapho uchama kanye nezinhlungu esinqeni (ukuvuvukala kakhulu kwezinso), okungenzeka kuholele ekutheni izinso zihluleke ukusebenza
- ukuvela kwamabhamuza esikhunjeni, isikhumba esinwebekile futhi esilengayo, esixebukayo noma esibomvu, i*Stevens-Johnson syndrome* noma ezinye izinkinga zesikhumba ezibucayi kakhulu (eziqala ngokubonakala kwezimpawu ezinjengezomkhuhlane, kulandelwe wumqubuko obuhlungu obomvu osabukhwebezane ngokombala (*purplish*) osabalalayo kanye namabhamuza)
- umbala wesikhumba ophuzi kanye/noma amehlo anombala ophuzi, indle emnyama ngokusatiyela (okuyizimpawu zesifo sesibindi)
- ukufiphala kwamehlo.

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi futhi enobungozi. Kungenzeka kudingeke ukuba uthole usizo lokwelashwa oluphuthumayo.

Tshela udokotela wakho uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

Imithelela engathandeki evamile ukubonakala:

- uhudo noma ukuqunjelwa, isisu esibuhlungu, ukugcwala komoya esiswini
- ikhanda elibuhlungu.

Imithelela engathandeki engavamile ukwenzeka:

- inani eliphansi lezingqalampilo ezimhlophe egazini lakho
- umthamo ophakeme wemikhiqizo esamafutha egazini, izingakushisa lomzimba eliphakeme
- ukuphathwa isiyezi, ukuphazamiseka noma ukuphela nya komuzwa wokunambitha
- isicanucanu kanye/noma ukuhlanza, umlomo owomile, isisu esiqumbile, izinhlungu esiswini nokuphatheka kabi
- ezinye izinkinga zokugula okuphathelene nesikhumba
- ubuhlungu emalungeni noma emisipheni yomzimba, ukuphuka kwenqulu, isihlakala noma umgogodla
- ukuvuvukala nokukhukhumala kwezibele kubantu besilisa
- ukuzizwa ubuthakathaka, ukukhathala okukhulu, nokucobeka komzimba (ukuzizwa ungemnandi), ukuvuvukala kwezandla kanye nezinyawo
- okuwuhlobo lwenkinga yezinso (phecelezi i-*acute interstitial nephritis*). Abantu abathile abasebenzisa imithi yokunciphisa i-esidi esiswini ama*proton pump inhibitor* (PPI), kubandakanya nePEPLOC, kungenzeka babe nenkinga yezinso ebizwa nge-*acute interstitial nephritis*, okuyinkinga engenzeka noma nini ngenkathi umuntu elashwa ngemithi engama-PPI. Fonela udokotela wakho ngokushesha uma ubona ukuncipha komthamo womchamo wakho kunokwejwayelekile lapho uchama noma uma kunegazi emchamweni wakho.

Le mithelela elandelayo ibikiwe kodwa-ke akwaziwa ukuthi ivamise kangakanani ukwenzeka:

- ukuvuvukala kwethumbu elikhulu esiswini, okudala uhudo olungamanzi olunganqamuki
- amazinga aphansi kasawoti noma e*magnesium* noma e*calcium* egazini
- ukubona izinto ezingekho, ukudideka

- umuzwa oncinzayo, ohlabayo, onsonsothayo (*pins and needles*), oshisayo noma ubundikindiki.

Uma ubona noma iyiphi eminye imithelela engathandeki engabhaliwe kuleli pheshana lolwazi, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Ukubika imithelela engathandeki

Uma uphathwa yimithelela engathandeki, khuluma nodokotela wakho noma usokhemisi. Lokhu kubandakanya ngisho naleyo mithelela engathandeki okungenzeka ikuphathe kodwa engabhaliwe kuleli pheshana. Futhi ungayibika imithelela engathandeki kwabakwaSAHPRA ngokusebenzisa ifomu lokubika imithelela engathandeki (“***6.04 Adverse Drug Reporting Form***”), elitholakala ku-inthanethi ngaphansi kwemibhalo namaphepha ashicileliwe abakwa-SAHPRA:
https://www.sahpra.org.za/Publications/Index/8. Ngokubika imithelela engathandeki, ungalekelela ekuhlinzekweni kolwazi oluthe xaxa maqondana nokuphepha kwePEPLOC.

5. Indlela yokugcina iPEPLOC

Yonke imithi kumele uyigcine endaweni ezingafinyeleli kuyona izingane.
Amaphilisi wagcine ezingeni lokushisa elingama-25 °C noma ngaphansi kwalokho. Wavikele kumswakama.
Izingqwenjana eziyizigcinimaphilisi kumele zigcinwe kwibhokisana lamaphilisi kuze kufike isikhathi lapho sekudingeka ukuba zisetshenziswe.
Ungawasebenzisi emuva kosuku lokuphelelwa kwawo yisikhathi olubhalwe kwibhokisana lawo.
Yiphindisele emuva kusokhemisi wakho yonke imithi engasetshenziswanga.
Ungalokothi ulahle imithi engasetshenziswanga ezinhlelweni zamapayipi okuchitha amanzi noma okuthutha indle (isibonelo, ezindlini zangasese).

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI

PEPLOC 20 mg & 40 mg

6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

Okuqukethwe yiPEPLOC

Iphilisi lePEPLOC 20 mg ngalinye liqukethe i*pantoprazole sodium sesquihydrate* elingana ne*pantoprazole* engama-20 mg.

Iphilisi lePEPLOC 40 mg ngalinye liqukethe i*pantoprazole sodium sesquihydrate* elingana ne*pantoprazole* engama-40 mg.

7. Ezinye izithako yilezi:

Ezisengxenyeni engaphakathi yephilisi:

Carmellose sodium, colloidal anhydrous silica, magnesium stearate, mannitol, sodium carbonate anhydrous, sodium starch glycolate type A.

Ungwengwezana olungaphandle:

Hypromellose, methacrylic acid-ethyl acrylate copolymer, propylene glycol, titanium dioxide, triethyl citrate, yellow iron oxide.

8. Indlela ebukeka ngayo iPEPLOC kanye nalokho okuqukethwe ephaketheni layo

PEPLOC 20 mg: Iyiphilisi elinombala osawolintshi, eliqumbile kancane nhlangothi zombili futhi elimise okweqanda, elikwaziyo ukumelana ne-esidi esiswini. Ububanzi: 4,7 mm x 9,0 mm.

PEPLOC 40 mg: Iyiphilisi elinombala osawolintshi, eliqumbile kancane nhlangothi zombili futhi elimise okweqanda, elikwaziyo ukumelana ne-esidi esiswini.

Ububanzi: 6,1 mm x 11,7 mm.

Amaphilisi iPEPLOC 20 mg ne-40 mg agcinwe kuqwenjana olungumsweswana oluyisigcinamaphilisi olwakhiwe nge-*aluminium-polyamide- PVC/aluminium*.

Kwibhokisana eliqukethe amaphilisi ngalinye kunamaphilisi angama-28 noma angama-30.

9. Umnikazi Wesitifiketi Sokubhaliswa

Pharma Dynamics (Pty) Ltd

1st Floor, Grapevine House, Steenberg Office Park

Silverwood Close

Westlake, Cape Town

7945, South Africa

www.pharmadynamics.co.za

+27 21 707 7000

10. Leli pheshana lolwazi lagcina ukubuyekezwa mhla zi-

02 kuNcwaba 2021

11. Inamba yokubhaliswa

PEPLOC 20 mg: A42/11.4.3/0056

PEPLOC 40 mg: A42/11.4.3/0057

NAM: NS2 10/11.4.3/0473

NAM: NS2 10/11.4.3/0474